

# *FUTHI AMEHLO ABO*

## *AVULEKA FUTHI BAMAZI*

EVangelini likaLukha oNgcwele, futhi siqala ngesahluko 24 futhi leyamatshumi amathathu-... indima 31, kumbe ngizakuthi indima 30 yesahluko 24.

*Futhi kwasekusithi, ehlezi ekudleni labo, futhi wathatha isinkwa, futhi wasibusisa, futhi wasihlephuna, futhi wanikeza kubo.*

*Futhi amehlo abo asevuleka, futhi bamazi; futhi wanyamalala emehlwani abo.*

*Futhi basebekhulumisana besithi, Kambe inhliziyo zethu bezingavuthi ngaphakathi kwethu, lapho ekhuluma lathi ngase, ndleleni, futhi lapho esivulela imibhalo?*

<sup>2</sup> Futhi makuthi iNkosi ingezelele izibusiso Zayo. Isifundo sami sizakuba, nxa ngingasibiza lobu busuku: *Futhi Amehlo Abo AVuleka Futhi BaMazi*. Manje kuyatshisa, kodwa ngiyafisa ngabe lingabekezelwa nje ngakho konke elingakwenelisa, okwesikhatshana nje esilutshwana, futhi ngizazama ukuphangisa. Kodwa manje sifuna ukukhangela ngokuzothileyo eLizwini, iLizwi likaNkulunkulu elimangalisayo. Futhi siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu, ngenye indlela, uzavula amehlo ethu lobubusuku.

<sup>3</sup> Nxa iPhasika kuyikugubha nje okwesenakalo sembalu, lalokho kuphela, khona-ke silesizatho esincinyane sokuthandabuza, silesizatho esincinyane sokubuza, ngoba kuzatshiywa phezu komcabango ozothileyo wokuthathwa nje ilizwi. Futhi nxa uKhristu engazange enze izithembiso Azenzayo, khona-ke sizakwenza njalo, singeke nje sibe lobufakazi lobo esilabo.

<sup>4</sup> Kodwa iNkosi yethu ebusisekileyo yathi, lapho Esase lapha emhlabeni, “Kuseyisikhatsana, futhi umhlaba awuyi kuNgibona khona njalo.” Manje lelo bala *umhlaba* lapho, livela “kuhlelo lomhlaba, abantu bomhlaba.” “Umhlaba awuyi kungiBona khona njalo. Kukanti lizangiBona, ngoba Ngizakuba lani, laphakathi kwenu, kuze kube sekupheleni komhlaba.” Manje, lawoMazwi aliqiniso nje njengaloba yiwaphi amanye aMazwi esiwakhulumileyo kuyonaliviki, ephuma eBhayibhilini, aliqiniso nje njengaloba yiwaphi amanye aMazwi eBhayibhilini. “Kuseyisikhatsana, futhi umhlaba awusayi kungibona khona njalo. Abasoze babe lamehlo abo evulekile.” Kulabantu abazelwe emhlabeni, kungaisintando kaNkulunkulu, kodwa

ngokhetho lokuzifunela kwabo abasoze bamKholwe nxa Wayemile khona lapha ekhulumma kini lobubusuku. Kuyadanisa ukukutsho, kodwa iBhayibhili lathi, “Bazalwa kulumhlaba, kulokhu ukulahlwa,” UJuda, futhi ngokungaba indima 3.

<sup>5</sup> Manje, kodwa kini, lobubusuku, eliphuma futhi lime ngalapho ekamelweni, futhi liminyanisane ndawonye phakathi kwesakhiwo esincinyane esitshisayo njengalokhu, alibuyi nje ukuzobonwa. Libuyela okwenye injongo. Futhi, embonweni wami, libuye ngokuquiniseka kwenhlizyo yenu, okokuhamba duze loNkulunkulu, ukusuka lapha, lobubusuku, ungumuntu ongcono ukwedlula lokho obuyikho lapho ungena phakathi. Yikho engikukhulekeleyo lapho ngingena emnyango, lobubusuku, “Nkosi, ngenze ngibe ngumuntu ongcono lapho ngiphuma, lobubusuku, kualokho engiyikho lapho ngingena.” Manje lapho Yena...

<sup>6</sup> Ngaphambi kokuhamba Kwakhe, Wenza lezi inhlobo zezitsho. Wathi, “Lowo okholwa Kimi...” UJohane oNgewe, isahluko 14, indima 7. “Lowo okholwa Kimi, imisebenzi eNgiyenzayo laye uzayenza njalo; eminengi kulaleyi uzayenza, ngoba Ngiya kuBaba Wami. Ngiyahamba, futhi ngibuye njalo.”

<sup>7</sup> Manje sizathola imisebenzi leyo Ayenzayo. Imisebenzi Ayenzayo? Kazange azitsho ukuba ngumuntu omkhulu, Waye nguMuntu nje othobekileyo. Akakhulumanga ngamabala aphakemeyo, Wakhuluma njengoMuntu ojwayelekileyo. Wahlala phakathi kwabayanga, “amakkhanka ayelemilindi, lezinyoni zazilezidleke, kodwa Wayengelandawo yokubeka ikhanda Lakhe.” Wayelesembatho esisodwa, esanikwa Kuye, “saselukwe sahlanganiswa, singela mphetho kiso.”

<sup>8</sup> Yikho bagembula ngaso. Kungani kwakunjalo? Ngoba isiprofethi seThestamente eliDala sasifanele sigcwalseke, “Babelana izambatho Zami, benza inkatho ngengubo Yami.” Ngakho babengenelisi ukuyidabula ngomphetho, kwakumele bagembule, futhi lokho kwakuyikugcwala isiprofethi seThestamente eliDala.

<sup>9</sup> Kodwa sizananzeleta, ngesikhhatshana esinlutshwane nje, kuyini Akwenzayo? Futhi ngiyakholwa, lobubusuku, kuyindlala yenhliziyo zethu sonke, kusukela komncinyane kusiya komdala, lobubusuku, ukubona uJesu Khristu. Kuyisifiso senhlizyo yami. Futhi kungani kunjalo? Nxa sisitsho ngeMibhalo...

<sup>10</sup> Imisakazo iyakusakaza lamuhla, amathelevizhini afaka izinhlelo, imidlalo yabekwa ukuthi “Akakho lapha, kodwa Usevukile!”

<sup>11</sup> Awu, khona-ke, nxa Esevukile, iBhayibhili lathi, kumaHebheru 13:8, “Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini.” Manje, nanku lapha okukhona, bakwethu. Lokho kungaba liQiniso, kumbe akusilo Qiniso. Lokho, nxa lokho kungayisilo iQiniso, khona-ke iBhayibhili ngamanga, futhi-ke aMazwi

angamanga; futhi-ke silahlekile, futhi kakula kuvuka kwabafileyo, futhi nje sizenza abakholwayo. Kodwa nxu kuliQiniso, khona-ke Kumele kuZiqinise.

<sup>12</sup> Nxa ungathi amanzi lawa amanzi, angikaze ngiwabone amanzi, uwathulule phezu kwami, futhi kungabi manzi, khona-ke amazwi akho—akho awaqinisekanga, kodwa nxu uwathululela phezu kwami, futhi kubemanzi, khona-ke amazwi akho aliqiniso.

<sup>13</sup> Nxa uKhristu engofanayo izolo, lamuhla, lanininini, khona-ke iBhayibhili liliqiniso. Nxa Engayisuye ofanayo izolo, lamuhla, lanininini, khona-ke Kayisilo qiniso. Nxa aMazwi kaNkulunkulu engayisilo qiniso, khona-ke uKhristu akayisilo qiniso. Khona-ke, nxu aMazwi kaNkulunkulu engayisilo qiniso, uNkulunkulu kayisilo qiniso. Kodwa, khona-ke, nxu iLizwi likaNkulunkulu liliqiniso, khona-ke iBhayibhili liliqiniso, uNkulunkulu uliqiniso, uKhristu uliqiniso, futhi kumele siqiniseke kuMbangela. Kuqondile!

<sup>14</sup> Manje, lapho Esemhlabeni, Akazitshongo ukuba ngumsilisi omkhulu. Bangaki abaziyo iNdodana kaNkulunkulu kayizange izitsho ukuba ngumsilisi? Yikho sibili. Wathi, “Angenzi lutho Ngokwami, kodwa lokho eNgibona uBaba ekwenza. Kayisimi owenza imisebenzi,” Wathi, “nguBaba ohlala Kimi. Wenza imisebenzi.” Yimisebenzi bani Ayenzayo?

<sup>15</sup> Siyathola eBhayibhilini, lapho umuntu obizo nguFiliphu wasindiswa. Futhi wahamba futhi wasethola umngane, uNathaniyeli, emuva-le, amamayila angamatshumi amathathu ubhoda intaba. Wamphendukisa kuJesu. Futhi lapho emthola, wayengaphansi kwesihlahla, ekhuleka. Futhi wathi, “Woza, ubone Lowo esimfumeneyo: uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

Wathi, “Kungaba lento enhle engaphuma eNazaretha?”

Wathi, “Woza ubone.”

<sup>16</sup> Yibo ubufakazi obukhulu engibaziyo. Ungathathi ilizwi lomunye umuntu Ngakho. Woza, uzibonele! Wathi, “Woza ubone.”

<sup>17</sup> Futhi lapho esiza, uJesu wayemile emzileni, mhlawumbe ekhulekela abantu. Futhi lapho uFiliphi esiza, loNathaniyeli, uJesu wathi, “Khangelani umIsrayeli, okungela nkohliso kuye!”

<sup>18</sup> Wathi, “Ungaze nini, Rabi?” Kwammangalisa. “Wena Ungazela ngaphi?”

<sup>19</sup> Wathi, “UFiliphu engakakubizi, lapho ungaphansi kwesihlahla, Ngikubonile.” Amamayila angamatshumi amathathu kude, entabenzi, kodwa, “Ngakubona.”

<sup>20</sup> Lokho kwatshengisa ukuthi Waye Ngubani. Waye nguNkulunkulu okhona ndawo yonke; kungesimprofethi kuphela, kodwa uNkulunkulu Ngokwakhe ebonakalisiwe

enyameni. Yiso isizatho Wayengayibeka, impilo Yakhe, phansi, ayivuse njalo futhi.

<sup>21</sup> Umfazi omncinyane waphuma ukuyakukha amanzi ngolunye usuku. Futhi Wakhulumka laye, futhi wathi, “Mfazi, akungiNike amanzi okunatha!”

<sup>22</sup> Wathi, “Akusimkhuba kini maJuda ukusicela thina, amaSamariya, okunjalo. Kasilabudlelwano omunye lomunye.”

<sup>23</sup> Wathi, “Kodwa aluba ubusazi Lowo obukade ukhulumka laye, ubuzaNgicela okokunatha. Ngizakulethela Amanzi awubuyi lapha ukuzokukha.”

<sup>24</sup> Futhi wathi, “Umthombo ujulile, Mnumzana. Awulalutho lokukha ngalo, futhi ungawathola ngaphi lawo Manzi.”

<sup>25</sup> Kuyini Ayekwenza? Ethinta umoya wakhe. Futhi lapho Esefumene ukuthi uhlupho lwakhe lwaluyini, uhlupho lwakhe lwaluyikuthi wayephila ebufebeni. Wayelamadoda amahlanu, futhi wayephila kanye lowesithupha wakhe.

Futhi uJesu wathi kuye, “Hamba, uyethatha indoda yakho, futhi ubuya lapha.”

Futhi wathi, “Kangila ndoda.”

<sup>26</sup> Wathi, “Hatshi, usube labahlanu, futhi lalowo ophila laye kayisuye wakho. Ngakho, utsho kahle.”

<sup>27</sup> Khangela manje, umJuda. Lapho uJesu esenza leso simanga kuye, lowo mJuda oqotho othembekileyo, oqotho, umJuda weqiniso, wathi, “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi yakoIsrayeli.” Wayekwazi ukuthi lezo zibonakaliso kwakumele ziphelekezele uMesiya.

<sup>28</sup> Futhi manje nangu umSamariya. Lapho leso simangaliso sisensiwa kuye, wathi, “Mnumzana, ngiyabona ukuthi UnguMprofethi. Siyakwazi ukuthi lapho uMesiya esiza, Uzasitshela izinto lezi. Kodwa Ungubani Wena?”

Wathi, “NgiNguye lowo okhulumka kuwe.”

<sup>29</sup> Watshiya imbiza yakhe yamanzi, futhi wagijimela edolobheni, futhi wathi, “Wozani, libone iNdoda Engitshele izinto engazenzayo. Kayisuye lowu uMesiya na?” Ngeqiniso.

<sup>30</sup> Kusiya eMibhalweni singakuthatha, ukuthi Wenza kanjani lezo izinto uBaba aMtshengisa zona. IBhayibhili lathi, ngale kuJohane oNgewe, lapho beMbua ngokuthi kungani eNgasilisanga bonke labo bantu abagogekileyo, futhi Wathi, “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini.” UJohane oNgewe 5:19, “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ayenzi lutho Ngokwayo; kodwa lokho Akubona uBaba ekwenza, lokho iyakwenza iNdodana ngokufanayo.”

<sup>31</sup> Manje, nxa uKhristu evukile kwabafileyo, futhi ephakathi kwethu lamuhla, futhi wathembisa ukuthi izinto ezifanayo lezo Azenzayo, ukuthi lathi sizazenza njalo, lokho kungaba liQiniso,

kumbe akusilo Qiniso. iBhayibhili lathi, “Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini.”

<sup>32</sup> Futhi, bangane, ngiyathaba sibili ukubakwazi, lamuhla, ukuthi mina ngeqiniso, ngakho konke okuphakathi kwami, ngiyakhholwa ukuthi uJesu Khristu uyiNdodana kaNkulunkulu. Wakhulelwa futhi wazalwa, ngokuzalwa okumsulwa. Wahlupheka ngaphansi kukaPontiyasi Pilatu; wabethelwa, wafa, wangcwatshwa, wavuka njalo ngosuku lwesithathu; futhi wenyukela eZulwini, futhi uhlezi esandleni sokunene soMkhulu Wakhe. Futhi uMoya oNgeweles ulapha eqhubeka phambili ngomsebenzi ofanayo lowo Awenzayo lapho Esaselapha emhlabeni. Ngumcabango omuhle kanganani!

<sup>33</sup> Yikusa okuhle kangakanani, ukusa kokuqala kokuvuka, iPhasika lakuqala elake lasa emhlabeni! Uyananjelela ukuthi liPhasika esiyigubhayo, yokuvuka Kwakhe, ikhombela kuperha kuPhasika elikhulu elizayo, ihola lelo Abuya ngalo evela emaZulwini? Futhi bonke abafileyo kuKhristu bazavuka futhi bahambe Laye. Sikhangelele phambili kulokho, iPhasika enkulu, ezayo. Futhi, lamuhla, kuhle okunganani, kuyindudzo bani, yibufakazi bani esilabo, lapho iBhayibhili likumemezela, lapho amandla Akhe onke ekumemezela, lapho Amandla Akhe asilisayo ekumemezela, lapho uMoya Wakhe omkhulu ukumemezela, lapho yonke into emvelweni ikumemezela, iBandla Lakhe iyakumemezela, inhliziyo yami iyakumemezela, yonke inhliziyo yomuntu ozelwe kutsha iyakumemezela, ukuthi, “UJesu Khristu uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi uzabuya njalo! Futhi Ungofanayo manje, ‘Izolo, lamuhla, lanininini!’” Manje nanzelela.

<sup>34</sup> Kwangokusa kwaliPhasika enhle. Kwakulehungahunga elinengi, okukhulunwayo. Abanye abafazi babephendukile engcwabeni, futhi bathi babona umbono weNgilos. Futhi babecabanga ukuthi kungaba ngosebenza esivanden; UMariya, umama, ngoba wezwa ilizwi likhulumu ngemuva kwakhe, futhi lathi, “Udinga bani?” Futhi lapho Etshibilika . . .

<sup>35</sup> Watshibilika, futhi wathi, “Bathethe iNkosi yami. Kangazi ukuthi baMbeke ngaphi. Nxa Usazi, ngitshela lapho Akhona, futhi ngizahamba ngiyeMthatha.”

Watshibilika, futhi wathi, “Mariya.”

<sup>36</sup> Futhi waMkhangel, futhi wathi, “Rabhoni,” okutsho ukuthi, “Nkosi!”

<sup>37</sup> Wathi, “UngaNgibambi, ngoba angikenyuki. Kodwa ngizakwenyukela kuBaba wakho, lakuBaba Wami, kuNkulunkulu Wami, lakuNkulunkulu wakho. Kodwa hamba, uyetshele abafundi Bami ngizahlangana labo eGalili.”

<sup>38</sup> Lokho kwakhangeleka njengenganekwane engasebenziyo, yaliNdoda abayibona iwonyiswa ngemithi; futhi wafa, wangcwatshwa, futhi lolu kwakulusuku lwesine, kumbe

usuku lwesithathu kusukela Efile. UPHetro wayesedanile, futhi esefuna ukuyagola inhlanzi. Ababili babo bathi, omunye obizo nguKleyophasi, wathi, "Sizabuyela nje ekhaya, eJerusalem." Futhi endleleni yabo, behamba, lokho kusa, lapho uPHetro ethole intambo yakhe yokugolisa, futhi wasuka ukuyagola inhlanzi, laba ababili babesendleleni yabo, bedanile. Futhi lapho behamba emgwaqweni, besithi, "Awu, ngiyathembra impilo ayisela okokuyiphilela. O, sasikholwa kanjani ukuthi WayenguMesiya! Leyo Ndoda yakwenza njani, Eyavusa abafileyo, ingama futhi ivumele lowompristi omkhulu iMenze inhlakisa? LeyoNdoda yayingakwenza njani, Eyayibona umbono phezu kombono, ivumela isotscha lesiRoma lifake ilembu ebusweni Bakhe, futhi liMtshaye ekhanda, futhi lathi, 'Nxa Wena ungumprofethi, sitshele ngubani okuTshayileyo?' Wayengamemezelana kanjani isihawu, esiphambanweni, sibona ukuthi Wayengavusa abafileyo?" O, kwakuyisikhathi esidanisayo!

<sup>39</sup> Futhi lezo zikhathi ezidanisayo zibuya kulolonke ikholwa, ukukuhlolana, lokukuvivinya, lokubona uba ukholwa isibili. "Indodana yonke eza kuNkulunkulu, kumele ivivinywe kuqala, ifundiswe okobuntwana."

<sup>40</sup> Kuzakuba labanye benu lapha lobubusuku, kungela kuthandabuza, abazakwedlula kulkho kuvivinywa okufanayo. Nxa singabizela umzila wokukhulekelwa, angilalwazi ukuthi ngubani olamakhadi okukhulekelwa, akula omunye okwaziyo; wonke nje ahlanganiswa ndawonye, futhi lawanikwa. Ngizabizela kwenye indawo, loba kungaphi okusengqondweni yami ngalesosikhathi. Asingeke samela kodwa abalutshwana ngasikhathi sinye. Amadazeni ambalwa, mhlawumbe, ayedlula emzileni wokukhulekelwa. Bonke bafuna ukubuya. Ungacabanga ukuthi Ukwedlulile, kodwa Akazange. Uyakuvivinya nje, ebona nje nxa uzamKholwa sibili. Umbono kawusilisi; umbono kuphela uyaqinisa uBukhona Bakhe.

<sup>41</sup> Ngangihlezi nje lapha, ngikhangale nje manje ebantwini. Futhi ngiyabona u—umngane wami, uNkz. Cox, ovela phansi eKentucky. Wayelemvukuzane enkuIlu ebusweni bakhe, amaviki amalutshwane edluleyo, yayisimudle yamqedela elihlweni lakhe. Wayesifa. UNkz. Wood, umngane wami olungileyo, wangifonela efonini, futhi ekhala, wathi, "Ngiyaholwa kuzakudla ilihlo likamama iliqedo, ensukwini ezinlutshwana." Udokotela waqala ukuyixakaxa, ngolunye uhlobo lwento, futhi wayihlakaza. Yaba sesimweni esibi. Ngangena phakathi futhi nganikeza olula, umkhuleko omncinyane, ngokholo olugxilileyo, ukuthi kuzakwenzakala. Futhi nangu uhlezi lapha lobubusuku, ephelele kuhle futhi ephilile; kungela loba ichatha layo eliseleyo, kusilisiwe, ebusweni bakhe. Uhlezi khona lapha phambi kwethu. Abanye balapha, lento efanayo. Ngani? Kungenxa yokuthi uJesu Khristu wavuka kwabafileyo, futhi Uyaphila.

<sup>42</sup> Ofanayo Lowo owayethinta olobulephero, futhi athi, “Ngiyathanda, woba ngohlanzekileyo,” angathinta imvukuzane futhi athi, “Ngiyathanda, woba ngohlanzekileyo,” nxa Engofanayo izolo, lamuhla, lanininini.

<sup>43</sup> Futhi njengo Kleyophasi labanye babehamba, bedanile, babephakathi kokungathi ngolunye lwalokho kusa okulokudana, kungazathi into yonke ihamba kubi. Futhi kungananzelelwé, Omunye waphuma, lapho Esiza ngemuva kwabo, wasondela futhi wahambisana labo. Futhi babengawkwazi ukuthi leyo kwakuyiNkosi uJesu! Wayephila, futhi abantu abanengi ababeMthanda babengawkwazi.

<sup>44</sup> Futhi lokho kuyafanana lalokho okuyikho lamuhla. Kulabantu abanengi lamuhla abathanda iNkosi, futhi bengananzeleli. Ungabatshela ngakho, kukanti abangeke bananzaelele ukuthi Uyaphila kuze kube ninilanini, lobubusuku, ukuthi Ulapha kulelibandla lobubusuku, ukuthi Uphakathi kwethu, futhi uzakuba khona aze abuye enyameni, umzimba wenyama. “Kangisoze ngilitshiye kumbe ngililahle.”

<sup>45</sup> Futhi lapho behamba futhi baqala ukukhulumenda leleni, UJesu, ngifuna linanzaelele into yokuqala uJesu ayenzayo, wayakhona eqonde eMbhaweni, Wathi, “O, ziwula enhliziyweni, kunzima yini kini ukukholwa lokho abaprofethi abakutshoyo?” Ngoba, Wayebabuzile nje, “Kungani lidanile kangaka?”

<sup>46</sup> Futhi bathi, “Ungabe Uyisihambi na? AwuKwazi ukuthi uJesu waseNazaretha, Lowo esasicabanga ukuba nguMesiya, uMkhululi kaIsrayeli, awuKwazi ukuthi lolu lusuku lwesithathu selokhu Wabethelwa? Futhi WayenguMuntu olamandla eLizwini. WayenguMprofethi olamandla, ngenxa yokuthi izimangaliso ezinengi lezinto, uNkulunkulu wazenza Ngaye. Futhi lolu lusuku lwesithathu; futhi manje baMbulele, futhi baMgewaba, futhi Wayesengewabeni. Futhi abanye abafazi babuya kithi futhi basitshela ukuthi Wayevukile kwabafileyo. Futhi sikhawile ukuthi kwakuyinganekwane eyibuwula nje, ngakho sisendleleni yethu sibuyela.”

<sup>47</sup> Khona-ke kulapho Eqala ukuvula iLizwi. O, ngiyalithanda iLizwi likaNkulunkulu elilaPhakade! Waqala ukungena eMbhaweni, eqala ngoMose. Akazange atshiye ulutho lungembozwanga, Waya eqonde eLizwini!

<sup>48</sup> Loba ngubani umuntu othunywe nguNkulunkulu, angilandaba ukuthi ungbani, uzahlala leLizwi likaNkulunkulu. Nxa engakwenzi, akasiyo inceku yeqiniso kaNkulunkulu.

<sup>49</sup> Waya khona eLizwini. Futhi Watshengisa, ngeLizwi, ukuthi uKhristu wayezakufa, avuke njalo, futhi angene eNkazimulweni Yakhe. Manje, o, kungabe bakhuluma njani!

<sup>50</sup> Ngingathanda ukuba ngabe ngaba lamahola amalutshwane ukukhuluma Laye (wawungeke na?) emgwaqweni. Uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngempela ngingathanda. Ngifisa aluba ngingakwenza." Awu, singaba lakho manje. Nguye Lowo okhuluma kuwe, enhliziyweni yakho. Awukunanzeleli nje.

<sup>51</sup> Manje nanzelela lapho Esondela duzane ledolobho, ukuhlwa kwakusiza, Wenza sengathi Wayezadlulela phambili.

<sup>52</sup> Angakwenza lokho kuwe, futhi. Angakwenza ucabange sengazathi Uyedlulela phambili, kodwa Akasoze. Akasoze edlulele phambili. Ufuna nje ukuthi umNxuse.

<sup>53</sup> Futhi bathi Kuye, "O, ilanga selihambile. Manje ungaqhubeki uhamba, kodwa siyacela ngena futhi uhlale lathi." UMnike nje lolohlobo lokunxuswa, uthole lokho okuzathathindawo. Wathi, "Ilanga selihambile manje, Wena ngena futhi uhlale lathi. Sekuzakuba ntambama." Khona-ke Watshibilika futhi wangena, endaweni encinyane okudlelwka khona, indawo encinyane yezihambi.

E-Europe lokhu besaselakho. Uyadla ulale, futhi into yonke ibhadalewe yonke kubhili inye, iwotela yakho.

<sup>54</sup> Futhi lapho Esengene phakathi labo! Nansi ingxenye enhle. Usuku lonke lolo, lapho bekhuluma Laye, Kazange atsho into eyodwa. Kukanti, babehambe Laye futhi bakhuluma Laye, ngaphambili, kodwa abazange bakunanzelele.

<sup>55</sup> Ngubani owakugcina ekubeni laleyana ingozi loluyana usuku? Ngubani owavumela leyana ingane isile? Ngubani owakubhahadalela leyana ibhili yegirosari? Kwaku Nguye, kodwa nje awukunanzeleli. Ngubani okupha impilakahle ukuza ebandleni lobubusuku? Nguye, kodwa awukunanzeleli. O, nxa singenza kuphela njengabo, simNxuse nje ukuba angene phakathi!

<sup>56</sup> Futhi lapho Engena phakathi, wangena phakathi, wava iminyango, khona-ke Wenza enye into okungela omunye umuntu owangayenza ngaleylo ndlela. Waye nguye Yedwa kuphela owayengakwenza, ngoba babekanye Laye ngaphambi kokubethelwa Kwakhe. Futhi Wathatha lesu sinkwa, futhi, indlela nje Akwenza ngayo, leyo kwakuyindlela Yakhe uQobo yokukwenza. Futhi amehlo abo avuleka, futhi bakwazi ukuthi lowo kungaba kuNguye kuphela. Kazange ahlale labo okwesikhathi eside. Wanyamalala emehlweni abo, ngesikhatshana nje. [UMfowethu Branham utshayanisa iminwe yakhe—Mhl.]

<sup>57</sup> Futhi endleleni yabo, babuyela betshitsha ngamandla onke, ngenyawo ezilula, bememezelu nje ukunqoba, ukubatshela ukuthi, "INKosi ivukile ngempela!" Abazange babuyele ukuyaphophothisana ngenkolo yabo. Abazange babuyele ukuyaphophothisana ngayo. Kodwa bakwazi nje Wayevukile kwabafleyo!

<sup>58</sup> Manje, bangane, nxa uJesu Khristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, ngemva kweminyaka engamakhulu alitshumi lesificamunwemunye edluleyo, nxa iBhayibhili liliqiniso, Wathi, “Ngiyaphila kuze kube nininini,” Uphila nje lapha, kulesi sakhiwo lobubusuku, njengalokho Ayeyikho ngosuku lokuvuka Kwakhe, Uphakathi komzimba nje.

<sup>59</sup> Abanye babo babebuthene ndawonye. Futhi Wadlula khona emidulwini, wabonakala khona phakathi, phakathi kwabo, wathi, “Lapha, Ngithinteni. Khangelani amanxeba Ami ezandleni Zami. Ngabe umoya ulenyama lamathambo njengeNgilawo?” Wathi, “Nginikani enye into yokudla.” Futhi baMnika inhlanzi lesinkwa. Futhi Wama lapho futhi wayidla, phambi kwabo, wathi, “Umoya kawudli njengalokho liNgibona ngisidla.”

<sup>60</sup> Uyini Yena? Ungulowo omkhulu, ophilayo uJehova uNkulunkulu ophakathi kwethu lobubusuku. Uphakathi lobangaphi kwalabo ababili kumbe abathathu ababutheneyo: “Ngizakuba phakathi kwabo.”

<sup>61</sup> Futhi manje nanku lokho engikucabangayo. Nxa uKhristu engabuya kulumbuthano wabantu, lapho liginqa, lilindile, futhi afakaze, ngaliPhasika, ukuthi Uyaphila, futhi emile kulesi sakhiwo lobubusuku, khona-ke ulelungelo ukuMcela loba yimi Ayifelayo, futhi ukholwe ukuthi uzakwamukela. Uyakukholwa lokho ukuba liQiniso? Ngeqiniso, kuyikho.

<sup>62</sup> Manje, ngingakhulumka kini isikhathi eside, kodwa iLizwi elilodwa elivelwa kuKhristu lingatsho okunengi ukwedlula amazwi wonke engingawakhulumka; ngidiniwe futhi ngitshile iphimbo, futhi ngikhathele njengokuba yikho iphimbo.

<sup>63</sup> Futhi-ke enye into, ekukhulumeni, kunzima, ngoba leli likhaya lami, ukuba lomhlangano ophumelelayo logcobo lukaMoya njengalokho. Ngani? Ngoba leli likhaya lami. UJesu wakutsho lokho, “Umprofethi, ekhaya lakhe, ilizwe lakhe, loba laselizweni lakhe uqobo.” Kuyinto nje eyenzakala ngaleyo ndlela.

<sup>64</sup> Batsho ukuthi lapho Esiya ekhaya Lakhe uQobo, bathi, “Ayisiyo yini indodana yombazi? Akasuye yini umama Wakhe, uMariya, lapha kanye lathi? akusibo bonke abafowabo Bakhe lapha, labodadewabo Bakhe? Kasibazi na? Yisiphi isikolo aphuma kuso? Wayengumqegetshi wayiphi ikholeji? Ulezifakazelo bani Azithweleyo?” Futhi Akazange adlule kuloba yisiphi isikolo kumbe iseminari, izifakazelo, kodwa Wavela kuNkulunkulu. Kodwa babengeke bakubone. Bathi, “UThola ngaphi linhlakanipho?”

<sup>65</sup> Futhi lapho beMbona edalula leyo micabango yabantu, lapho uPhetro esiza Kuye, Wathi, “Ibizo lakho nguSimoni, ibizo likababa wakho nguJonasi,” kwamqedha amandla. WaMazi njani?

<sup>66</sup> AbaFarisi babemile eceleni, futhi bathi, “UnguBhelizebhabhu. Uyinduna yezanuse. Ungudeveli!”

<sup>67</sup> Futhi uJesu wathi, “Lingakhuluma lokho limelana Lami, iNdodana yomuntu, kuzakuthethelelwa. Kodwa lapho uMoya oNgcwele esebuyile futhi enze into efanayo, futhi ukhulume ilizwi elilodwa umelana Laye, awusoze ukuthethelelwe, kulumhlaba kumbe umhlaba ozayo.” Ngakho, kuyinto eyingozi. Ngakho waba Kwazi njani? Kungani Wakutsho lokho? Wakwazi ukuthi lezo zibonakaliso zizaphela kuze kube yilolusuku lokucina.

<sup>68</sup> Futhi lezi insuku zokucina, Wayengeke alunge, ukuthulula ulaka Lwakhe phezu kwabantu abalungileyo. Bale... Silinganisiwe esilinganisweni, futhi satholakala sisilela. Konke esicabanga ngakho yizikhathi ezinkulu, inhlelo zomsakazo, ezingahlolwanga, uElvis Presley, uArthur Godfrey, insomo ezindala ezingcolileyo, abazakalayo bemisakazo lamathelevizhini. Sihlala ngekhaya ngoLwesithathu ebusuku, emhlanganweni womkhuleko, ukubona umbhedo onjalo, futhi sizibize amaKhristu?

<sup>69</sup> Khona-ke lapho uNkulunkulu ethulula phansi uMoya Wakhe, futhi atshengise izibonakaliso zokuvuka Kwakhe, siyaKucala futhi sikufulatthele. Futhi lokho yisono esingathethelelwayo, ukwenza lokho. UJesu wathi, “Khuluma ilizwi elilodwa umelana Lakho, akusoze kuthethelelwe, kulumhlaba kumbe emhlabeni ozakuza.” Ngakho lowo Moya kumele ubuye kulezi insuku zokucina, ukufakaza lelo Lizwi likaNkulunkulu ukuba liqiniso.

<sup>70</sup> Futhi ngithi, phansi kwegunya leLizwi likaNkulunkulu, lokuzwa komphefumulo wami: lowo Moya oNgcwele ofanayo (uMoya) ukhona lapha manje phakathi kwabantu laba. Manje, ngatsho ukuthi Wavuka kwabafileyo. Ngatsho ukuthi Uyaphila, ephila kuze kube nini lanini. Ngatsho ukuthi Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini; ofanayo ngesimiso, ofanayo ngaMandla; ofanayo entweni yonke, konke kuphela umzimba Wakhe obambekayo ohlala esandleni sokunene sikaNkulunkulu loMkhulu, eNkazimulweni. Kodwa uMoya oNgcwele ulapha, usebenza, uhamba, esenza, esenza khona kanye njengalokho uJesu Khristu akwenzayo, ngoba yibufakazi bokuvuka Kwakhe. Lihola elihle okunganani! Manje ngithemba liyabona lapho engima khona.

<sup>71</sup> Manje, kungayisikho kuphela ngabalutshwana laba, abangaba ngabantu abalikhulu, kumbe abantu abangamakhulu amabili lapha e—esakhiveni lesi esincinyane, beminyene phakathi lapha lobibusuku, kodwa ngenza leso sitsho phambi kwenkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, lamakhulu ezinkulungwane, ngabamba iBhayibhili esandleni esisodwa, futhi iKhorani kwesinye, ngithi, “elinye liqondile, lelinye

aliqondanga,” futhi ngigolombe wonke umpristi wesiMohamedi ukubuya futhi akufakaze, kumbe loba omunye, uBhuda, kumbe loba yikuyini angaba yikho, ngimelana leKhorani, futhi ngiphikisana lenkolo yabo, kodwa umuntu wonke uyathula.

<sup>72</sup> Kodwa, bazalwane, isizatho ngisenza lokho, ngoba ngiyazi uMhlengi wami uyaphila! Futhi UliQiniso. UJesu Khristu uyaphila. Ulapha!

<sup>73</sup> Manje akusilutho phakathi kwami lokho engingenelisa ukulwenza, kuyisipho sikaNkulunkulu. “Ukwenza njani?” Yikuzinikela.

<sup>74</sup> Khona kulesi isakhiwo manje kulezinengi, iNgilosi eginengi. Uthi, “Ngabe lowo kunguMbhalo na?” Lelo liBhayibhili. Mangilitshengise. Mangaki amaKhristu alapha? Phakamisa isandla sakho. Kulungile, lingazibeka phansi. IBhayibhili lathi, “INGilosi zikaNkulunkulu zibahanqile labo abaMesabayo.” Khona-ke, kuleziNgilosi lapha!

<sup>75</sup> Khona-ke uKhristu wathi, “Lobangaphi ababili kumbe abathathu bebuthene eBizweni Lami, Ngizakuba phakathi kwabo.” Khona-ke, Ulapha! Into kuphela eyiyo, awungeke uMbone, kodwa ngokholo siyakukholwa.

<sup>76</sup> Ngingalifakazela ukuthi umsakazo udlula lapha, lawo, amaphimbo. ngingalifakazela ukuthi imifanekiso idlula lapha. Akusoze kutshaye *kuleyi* tshubhu lapha; kayingeke itshaye *kuleyi* ikhristali, kuleyi mayikhi; loba akungeze kubuye kulesi isiqephu sempahla, ngoba akwenziwanga ngaleylo ndlela. Kodwa kulesiqephu sempahla esizakwenza lowo mpikitsha.

<sup>77</sup> Futhi uNkulunkulu wafaka abanye eBandleni, kuqala abapostoli, khona-ke abaprofethi, abafundisi, abavangeli, labelusi, bonke bengokokupheleisa iBandla. Singamlahla njani omunye, futhi sithi omunye akanjalo? UNkulunkulu uyakwenza, Ngokwakhe. Akusilutho emhabeni kodwa ngokuzinikela kuMoya oNgcwele. Futhi uMoya oNgcwele uthatha kusukela lapho, futhi awukwazi lokho okwenzayo. Kuyikuzibuso komsebenzi kaMoya oNgcwele.

<sup>78</sup> Manje, bangane, idolobho lasekhaya lami. Futhi ngifuna ukutsho lokhu manje, singakavali limvuselelo. Ezinye zalezi nsuku akusoze kube lomlotha oseleyo eJeffersonville, akusoze kube loyedwa oseleyo eCharlestown, akusoze kube loyedwa oseleyo eLouisville. Lumhaba suvuthiwe ukuthi wahluelwe. Balebhomba ye-hydrogen manje iRussia engayidubula kusuka eMoscow, iwele kuFourth Street, futhi ithathe wonke amafekithali amaphawuda ngalapha, futhi iwatshonise amafidi angamatshumi ayisikhombisa lanhlanu phansi komhlabathi, ngebhomba elilodwa. Ibhomba eyodwa; amasikweya angamamayila alitshumi lanhlanu, liyahamba amafidi alikhulu lamatshumi amahlanu emhabathini. Isandla siphezu kwesithanciso. Inkombalanga iyahamba. Isikhathi

sesiphelile ukwedlula okucabangayo. Kungani ulindela kuze kube yileso sikhathi?

<sup>79</sup> Khumbula, “Leli thabhanekeli lasemhlabeni lidilizwa, silelinye elivele lilindele.” Lingesabi amabhomba e-hydrogen kumbe iphi enye into. Ingqe kuphela uloKhristu enhliziyweni yakho, yiyo indawo yokucatshela ibhomba engiyaziyo. Yenziwe ngensiba; ngaphansi kwempiko Zakhe, uhlezi. Ngakho ungakhathazeki ngalezo zinto, nxa unggumKhristu.

<sup>80</sup> Kodwa nxa ungayisuye umKhristu, ngeqiniso ume endaweni embi. Kawukwazi ukuthi ngumzuzu bani inhlizyo yakho ezakuma ukutshaya. IBhayibhili lathi amadoda bazakufa ensukwini zokucina, ngohlupho lwenhliziyo, “Inhlizyo zamadoda zisehluleka, ukwesaba, ukudideka kwezikhathi, ukuxakazeka phakathi kwezizwe.” Khangela okunengi, okuphindwe ngokulitshumi njengalokho amadoda abanengi besifa, njengabafazi; iBhayibhili kalizange litsho ukuthi inhlizyo zabafazi zizakube zisehluleka, Lathi, “Inhlizyo zamadoda zizakube zisehluleka.” Ngempela, ngokupheleleyo.

<sup>81</sup> Ngolunye usuku e-Oakland, umkami lami sasilapho eSan Francisco, lokho ukuzamazama komhlaba kuzamazama. Futhi umhlaba waqalisa ukubhodla lokutshaywa yintwabi lapho, izakhiwo zaze zanyikinyeka, lemiphongolo yawa. Amabhola amakhulu omoya aya phezulu njenga *lokho*, lentuthu phakathi kwavo, kumbe umsizi, loba yini okwakuyikho, phandle kulezo ndawo. Futhi abantu bagijima ezitaladeni, beklabalala. Ngacabanga, “Kuzakuba yini lapho iNkosi ibonakala sibili?” Indawo zotshwala, belokhu bevulile, befaka utshwala babo, emashelufini, futhi bebuthengisa. Abantu babuya ukuzobuthenga. Umuntu wayengeke abuthengise uba kwakungela muntu obuthengayo. Kunjalo.

